

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

37/2015 Intshumayelo ngesonto 05 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 05. 07. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe ku-Ef. 2:8, lithi: **"Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu."**

1. Iculo 276/134

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga ngokuba awusilanhlanga thina zoni, kodwa wasithumela uMsindisi oyiNdodana yakho ukuba asifune, asisindise, asibuyise kuwe onguMthombo wokuphila. Siphe uMoya wakho oNgcwele, ukuba siqonde izwi lomusa wakho, sibone, sikholwe, simethembe, simlandele uMsindisi wethu onguJesu Kristu siyakhuleka egameni lakhe. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuGen. 12:1-4a;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku 1 kwabaseKorinte 1:18-25;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuJohane 1:35-42.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 143/127

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 5:1-11, lithi: "Kwathi isixuku simbunganyela ukuba sizwe izwi likaNkulunkulu, wayemi ngaselwandle lwaseGenesaretha, wabona imikhumbi emibili imi ngaselwandle; abadobi babephumile kuyo behlanza amanetha. Esengené komunye wemikhumbi ongokaSimoni wamcela ukuba asuke kancane emhlabathini. Wahlala phansi, wabafundisa abantu esemkhunjini. Kuthé esegcinile ukukhuluma, wathi kuSimoni: Qhubekela ekujuleni, nehlise amanetha enu, nibambe. USimoni waphendula wathi: Nkosi, sishikile ubusuku bonke, asibambanga lutho; kepha ngezwi lakho ngiyakuwehlisa amanetha. Sebekwenzile lokho babamba izinhlanzi eziningi kakhulu, aze agqabuka amanetha abo.

Babaqhweba omana babo abakomunye umkhumbi ukuba beze, bababambise. Beza-ke, bagcwalisa imikhumbi yomibili, yaze yathi ayizike. Kuthé uSimoni Petru ekubona lokho, waziphonsa phansi ngasemadolweni kaJesu, wathi: Suka kimi, Nkosi, ngokuba ngingumuntu oyisoni. Ngokuba ubehlelwa ngukwesaba, yena kanye nabo bonke ababenaye, ngobuningi bezinhlanzi ababezibambile, kanjalo ke noJakobe noJohane amadodana kaZebedewu ababesebenzisana noSimoni. UJesu wathi kuSimoni: Ungesabi; kusukela manje uzakubamba abantu. Sebeyilethile imikhumbi emhlabathini bashiya konke, bamlandela." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, likhulu ngempela lelizwi likaJesu Kristu elithi: "Ungesabi!" Ungesabi. UNkulunkulu uyakhuluma lelizwi kithina esingabantu, esiyizoni, esingafaneli ukusondela kuye ngenxa yokungalungi kwethu, esingenamfanelo ukusindiswa nguye, esingenamfanelo ukuba abantwana bakhe. "Ungesabi." Lihle ngempela lelizwi, lihle, liyinduduzo enkulu kithina esiyizoni. Lihlanganisa lonke ivangeli likaJesu Kristu. Uma sifunda iVangeli ngokukaLuka sizokuzwa lelizwi kaningi. Izingelosi zathi kubelusi ebusuku: "Ningesabi; ngokuba bhekani, nginibikela izindaba ezinhle zokuthokoza kukhulu okuzakuba kubantu bonke, ukuthi nizalelwe namuhla uMsindisi onguKristu iNkosi emzini kaDavide." Lk 2,10-11. Lelizwi siyakuzwa ngomlomo wengelosi ethi: "Ungesabi, Zakariya, ngokuba isicelo sakho sizwakele; umkhako u-Elisabethe uzakukuzalela indodana, uyiqambe igama lokuthi uJohane." Lk 1,13. NakuMariya ingelosi wathi: "Ungesabi, Mariya, ngokuba ufumene umusa kuNkulunkulu." Lk 1,30. UJesu wathi kuJayiru eshonelwe indodakazi yakhe: "Ungesabi, kholwa kuphela; izakusinda." Lk 8,50. INkosi uJesu Kristu wathi kuPawulu ebusuku: "Ungesabi, kepha khuluma, ungathuli, ngokuba mina nginawe, akakho ozakukusukela, akulimaze, ngokuba nginabantu abaningi kulo muzi." Izenzo 18,9. Nasemkhunjini uPawulu wakuzwa lelizwi elikhulu elithi: "Ungesabi, Pawulu; umelwe ukuma phambi kukaKesari; bheka, uNkulunkulu ukuphile bonke abahamba nawe emkhunjini." Izenzo 27,24. Ake singakhohlwa ukuthi uNkulunkulu uyadala ngezwi lakhe, izwi lakhe lingamandla ukwenza lokhu elikushoyo khona. Nguye owasipha ukungesabi ezinhlizweni zethu, nguye ngoqobo lwakhe osiqungayo isibindi ukuba singesabi isono, uSathane, nokufa, ngokuba wasinqobela konke lokhu ngokuthumela uJesu emhlabeni. Nguye uJesu Kristu unguMnqobi wezitha zethu.

Ngezwi lanamuhla siyakhonjiswa iNdodana kaNkulunkulu ehambe emhlabeni, efundisa abantu, eshumayela ivangeli lombuso kaNkulunkulu, ekwenza konke lokhu ngesimiso senceku. Uma sifunda amavesi ekugcineni kwesahluko sesine siyakuzwa ukuthi amademoni ayambona,

ayamazi njengeNdodana kaNkulunkulu, kodwa abantu abakwazanga ukumbona njengawo, bamthatha njengomuntu othile. Bakhuluma bahamba naye njengomuntu ofana nabo, kodwa enguNkulunkulu ngempela, othabathile isimo senceku. Lokhu kukhomba umusa wakhe kithina esiyizoni.

Kulelizwi lanamuhla asikuzwa okuningi ngokufundisa kwakhe, kodwa uLuka uyasitshela kahle ukuthi abantu babefika kuJesu ukulizwa izwi likaNkulunkulu. Yena washumayela ivangeli likaNkulunkulu. Bese sikuzwa nangolwandle lwaseGenesaretha, nemikhumbi, nabadobi, namanetha. UJesu wathi komunye umdobi, kuSimoni: "Qhubekela ekujuleni, nehlise amanetha enu, nibambe." USimoni ongamboni ukuthi ungubani lo okhulumayo naye, uyamthatha njengomunye umuntu, ofundisa kahle ngezwi likaNkulunkulu, kodwa ongaqondi kahle ngokudoba wathi kuye: "Sishikile ubusuku bonke, asibambanga lutho; kepha ngezwi lakho ngiyakuwehlisa amanetha." Akaboni kahle ukuthi ungubani lo okhuluma naye lapha. Akaboni uMninimandla onke, akaboni iNdodana kaNkulunkulu. Akaboni ukuthi uMdali wezinhlanzi zonke uyakhuluma naye. Akamboni lo ohlezi naye emkhunjini wakhe. Thina kodwa siyazi ukuthi: Uma esho into uJesu kuzoba njalo. Uma ethi nizakubamba, siyazi ukuthi bazobamba. UJesu unguMninimandla onke, Kodwa wazithoba kangaka, wafihla ubunkulunkulu bakhe ngalendlela, waba yinyama, waba umuntu njengathi engenasono kodwa, ukuba akwazi ukufeza umsebenzi wakhe wokusisindisa.

Siyazi ngo-Eksodusi 33,20 ukuthi: "Awunakubona ubuso bami, ngokuba akukho muntu ongangibona apha." UNkulunkulu wathi lokhu kuMose. Akukho muntu ongabona uNkulunkulu apha. Ubungcwele abuhlangani nesono noma nesoni. Ukukhanya akuhlangani nobumnyama. Kodwa uJesu wazithoba wafihla ubunkulunkulu bakhe ngenyama yomuntu ukuba sikwazi ukuhlangana naye, ukuba akwazi ukufeza umsebenzi wakhe wokusisindisa. NanguNkulunkulu, nanguJesu Kristu ohamba phakathi kwabantu, kodwa abafi, ngenxa yokuzithoba kwakhe.

USimoni wabamba izinhlanzi eziningi, ngalesosimangaliso wabona uJesu ngokuthi ungubani. Waziphonsa phansi ngasemadolweni kaJesu, wathi: "Suka kimi, Nkosi, ngokuba ngungumuntu, ngiyisoni." Bathandekayo eNkosini kunjalo uma isoni sihlanguka noMninimandla onke, noNgcwele, noNkulunkulu. Nathi siyakhothama ekuqaleni kwenkonzo ngamadolo sicela khona ukusondela eNkosini yethu enkonzweni yakhe. "Ngihawukele mina soni." Kuyingozi enkulu kumuntu ukubonana noNkulunkulu. Kumfanele ukufa. Suka kimi, Nkosi, ngiyisoni, ngingumuntu. Suka kimi ngokuba ngithanda ukuphila, angifuni ukufa.

Ngingakubona kanjani ngamehlo ami ngiphile na? Khona uJesu wathi kuye nakithina lelizwi elihle elithi: "Ungesabi!" UJesu Kristu akafikanga emhlabeni ukuba asibulale ngokuba lapha nathi. Wafika ukuba asisindise. Ungesabi, uyasisindisa, uyasikhonza, uyasihlenga kuzo zonke izitha zethu, eziyisono, nokufa, noSathane. UJesu Kristu akafikanga ukuba asibulale ngokuba khona kwakhe kodwa ukuba asisindise, asihlengi. Ungesabi! Ivangeli lakhe, indaba enhle nethokozisayo yakhe, liletha ukungesabi kithi esingabafundi bakhe. Ungesabi, angifuni ukufa kwakho, ngifuna ukuthi uphile usindiswe, uhlale nami embusweni wami kuze kube phakade.

USimoni wabona uJesu Kristu, wabona uNkulunkulu, kodwa waphila, ngokuba uJesu wafika lapha emhlabeni ngesimo senceku ukuba asikhonze, asihlengi, asisindise. UJesu Kristu waba umfowethu, wasikhonza ngokuphila nangokufa nangokuvuka kwakhe kwabafileyo. Singabafowabo ngokuba wayesithenga ngegazi lakhe, ngaye singabantwana bakaNkulunkulu. Asiyizo iziqila zakhe, iziqila zesono, iziqila zikaSathane, iziqila zokufa, kodwa abantwana bakaNkulunkulu. UJesu Kristu wambiza uSimoni ukuba amlandele, ukuba amkhonze, ukuba abe ngumdobi wabantu. USimoni wamlandela uJesu kuze kube endaweni yompristi omkhulu. Ngalobubusuku wamphika uJesu kathathu. Iqhude lakhala, uPetru wakhumbula amazwi eNkosi yakhe, naye wakhala kakhulu. Kodwa uJesu wambuyisa futhi, wamfaka emsebenzini, wathi kuye: "Simoni kaJona uyangithanda na?" UJesu wamsebenzisa uPetru ukuba abe umdobi wabantu, washumayela ivangeli lombuso kaNkulunkulu njengeNkosi yakhe. Sifunda ngalokhu eZenzweni zabaphostholi, nakhona wabona ukuphenduka nokubhaphathizwa kwabaningi.

Ake sibone kahle umusa nobubele bukaNkulunkulu kulelivangeli lanamuhla. Sibone ukusivakashela kukaNkulunkulu ngesimo senceku ukuba asihlengi kukho konke okubi ngegazi lakhe. Ake sibone ukuthi wafika ukusifuna, ukusibiza, ukusifaka emsebenzini. Ngothando olukhulu kakhulu uyasisondeza, usondela kithi. Ake sifunde ukumlandela, sifunde kanye noSimoni ukudoba abantu lapha siphila khona ukuba basindiswe nabo, bangene nabo embusweni kaNkulunkulu. Ake sibatshale abantu ngothando lukaNkulunkulu, sibatshale ngomusa wakhe, nangobubele bakhe. Umuhle ngempela uMsindisi wethu othi kithi esiyizoni: Ningesabi! Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga ivangeli lakho, sibonga ngokuba awufuni ukufa kwethu kodwa ukuphila kwethu. Qinisa ukukholwa kwethu ukuba sibe abadobi abahle embusweni wakho, sibambe nabanye abantu ukuba baphile kanye nathi

embusweni wakho. Siqunge isibindi emsebenzini wakho ukuba singadinwa kodwa sishikele kahle njengezinceku ezithembekileyo. Sibatshele abantu ngothando lwakho olwabonakala ngoJesu Kristu uMsindisi wabantu. Sicela egameni lakhe elingcwele. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 23/24

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-P. C. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.